

HILLCREST HIGH SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

JUNI 2015



IBANGA LESI-9

GRADE 9

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-13

Ikhasi 1 kwayi- 13

## IMYALELO KWABAHLOLWAYO

Leliphepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa.  
(30)

ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)

ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi (40)

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. Phendula YONKE imibuzoekuleli phepha.
3. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
5. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
6. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu.

ISIQEPHU A: Imizuzu engama-45

ISIQEPHU B: Imizuzu engama-20

ISIQEPHU C: Imizuzu engama- 55

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela ngenisho EPHELELE.

Abesifazane abasebasha sebephenduka ogogo besebancane

April 9 2015 at 11:56am

ZANELE MTHETHWA



*UCONNIE Ferguson (44)*

*osekuvele ukuthi usezoba ngugogo njengoba indodakazi yakhe ya semshadweni omdala ikhulelwe. Isithombe: SIGCINIWE*

ZANELE MTHETHWA

UKUGUGA akumngani wamuntu kwabesifazane abafuna ukuhlala bebukeka bebasha.

Abanye abantu besifazane baze bafihle ngisho iminyaka yabo ngenxa yokuthi abafuni ukuguga.

Ngisho kulaba asebekhulile akubajabulisi ukubizwa ngogogo.

Wenzenjani-ke uma uphoqwa yisimo ukuthi ubizwe ngogogo usazitshela ukuthi usemusha?

Ukukhulelwa kwezingane zisencane kwandisa amathuba okuthi abanye besifazane basheshe babe nabazukulu, babizwe ngogogo besebasha.

Ongoti bathi indlela izingane ezikhulelwa zincane ngayo esikhathini samanje, abanye abesifazane bazithola sebengogogo bengakafiki ngisho eminyakeni engama-40.

Kuthiwa abanye bafika eminyakeni engama-50 sebenabazukulu abangaphezu kwababili.

Lezi yizindaba ezingemnandi kwabangafuni ukugugiswa.

Yize ukufika kwengane emhlabeni kumele kulethe injabulo emndenini, umcabango wokuthi ukufika kwayo kuzoveza negama likagogo, akwehli kakhulu kwabanye.

Ngelile sonto kuvele ukuthi umlingisi wethelevishini wakuleli uConnie Ferguson usezoba nomzukulu womfana.

Loku kwenza ukuthi uConnie (44), odume ngelikaKarabo Moroka kuGenerations Legacy, abe ngomunye wogogo abasebasha.

Imiliko yabezindaba iveze ukuthi uConnie olingisa nakuRockville, ukuabulelele ukuba ugogo yize esemusha.

Kuthiwa indodakazi yakhe uLesedi amthola emshadweni wokuqala konyengumyeni wakhe uNeo Matsunyane, ukhulelwe.

ULesedi naye oke walingisa kwiSoul City kuthiwa ukuqinisekise nakuTwitter ukuhlu ukhulelwe.

Abasondelene noConnie bathe akumphathi kabi ukuthi uzoba ngugogo esemusha. Kunalokho uthe uzoyeseka ngayo yonke indlela indodakazi yakhe.

Omunye usaziwayo osheshe waba ngugogo nguLinah Khama obuye abizwe ngoEbony, ongunkosikazi kaHhashelimhlophe ocala umaskandi.

Indodakazi yakhe uNtombi Ngcobo-Mzolo ongumethuli wezinhlelo zethelevishini oseshadile, wenze ukuthi uEbony asheshe abe ngugogo.

UNkk Surprise Phobane wase-Adams Mission (43), uthi akakhohlwanga indodakazi yakhe ebifunda ibanga le-11 imtshela ukuthi ikhulelwe.

“Umcabango wokuthi sengizobizwa ngogogo washeshe wangifikela, ngashaywa uvalo oluncane. Lo mcabango wabuye wagajwa yinjabulo sengibona umzukulu, okungenze ngaziqhenya ngokuba wugogo osemusha,” kusho yena.

UNkk Phobane uthe ukuba ngugogo osemusha akukwenzi uguge kodwa kuyasiza ngoba nengane iyakwazi ukufunda kuwena izindlela zokuba ngumama, ngaphandle kokwesaba.

Icashunwe ephaphandabeni Isolezwe

- 1.1 Ubani igama nesibongo sosibhalele le ndaba? (1)
- 1.2 Yibuphi ubuhle noma ububi bokuba ngugogo usemncane? Bhala amaphuzu amabili. (2)
- 1.3 Uma uConnie Ferguson enemnyaka engama -44 lokhu kusho ukuthi wazalwa ngamuphi unyaka? Veza lokhu ngesibalo. (3)
- 1.4 Udume ngokwenzani okubili loConnie Ferguson okukhulunywa ngaye lapha? (3)
- 1.5 Isiphi isimo esingakuphoqa ukuthi ubizwe ngogogo/ umkhulu? (2)
- 1.6 Umuntu kungaba kuhle abe ugogo noma umkhulu uma eseneminyaka emingaki? Sekela impendulo yakho ngephuzu elilodwa. (2)
- 1.7 Ucula luphi uhlobo lomculo uHhashelimhlophe? (1)
- 1.8 Chaza lesi simo sokukhuluma esilandelayo:  
Ukuguga akumngani wamuntu. (2)
- 1.9 Ngokucabanga kwakho yini engenziwa ukuvimba ukuthi izingane zikhulelwe zisencane. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (3)
- 1.10 Funa umusho endabeni ochaza okufanayo nalo obhalwe lapha ngezansi.  
Abantu abangathandi ukuzizwa begugile akubathokozisi ukuba nabazukulu. (1)

[20]

## 2 Bukisisa lesi sithombe esikhangisayo bese uphendula imibuzo ezolandela.



### UMBUKISO WEZEMFASHINI KA 2015

#### UKUQOKWA KONOBUHLE BOMBUKISO WEZEMFASHINI

UMasipala weTheku uzobe unosuku oluvulelekile lokuthola abantshisekelo yokungena emkhakheni wezokhangisa ngemfashini futhi abafisa ukuzomodela embukisweni wezemfashini waseThekwini ka 2015. Awudingi ukuba nesipilyoni, nazithombe futhi awudingi ukuza ne-ejensi. Labo abazokwazi bazoqeqeshwa asebenkantshubomvu kwezokumodela ukuze bakulungele ukungenela lendumezulu yombukiso.

#### ABAQALAYO ABAQAPHELE LEZIZIDINGO EZILANDELAYO

Onobuhle Besifazane	Abesifisa
<ul style="list-style-type: none"> <li>Babe neminyaka eyi-16 kuya ku 35, kufanele balethe ubufakazi beminyaka yabo;</li> <li>Okungenani babe ngu-1.75cm ubude bengazi fakile izicathulo eziphakeme;</li> <li>90-92cm esinqeni</li> <li>Kufanele bagqoke izimpahla ezibabambayo nezicathulo eziphakeme uma sebekhethwa, hhayi odangara;</li> <li>Bangaziphaquli kakhulu ebusweni.</li> </ul>	<ul style="list-style-type: none"> <li>Babe neminyaka eyi-16 kuya ku 35, kufanele balethe ubufakazi beminyaka yabo;</li> <li>Okungenani babe ngu-1.83cm ubude;</li> <li>Bagqoke usayizi webhulukwe ongu-30/32.</li> <li>Kufanele bagqoke amashethi noma izikibha ezibabambayo nesicathulo esivalekile noma amateku;</li> <li>Babe nezikhwepha</li> </ul>



#### IZINSUKU ZOKUQOKA ABAZONGENA ZIZOMA KANJE:

Indawo	Usuku	Izikhathi
Tongaat Sport Centre Boardroom	21 February 2015	08h00 – 12h00
Verulam Drop Centre Boardroom	21 February 2015	13h00 – 17h00
Amanzimtoti Library; Group Activity Room	22 February 2015	08h00 – 12h00
Isipingo Beach Hall	22 February 2015	13h00 – 17h00

- 1.10 Bhala igama likamasipala owenza lo mncitiswano? (1)
- 1.11 Lo masipala utholakala kusiphi isifundazwe? (1)
- 1.12 Umuntu angabuletha kanjani ubufakazi beminyaka yakhe? (1)
- 1.13 Kuliqiniso noma umbono ukuthi abantu abangaba onobuhle kumele babe bancane ngomzimba uthi babebade. Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.14 Yini umsebenzi wama-ejensi onobuhle nalabo abamodelayo ngokwazi kwakho? (1)
- 1.15 Umuntu onjani okuthiwa umkantshubomvu? (2)
- 1.16 Kungani kuthiwa umuntu kufanele agqoke izimpahla ezimbambayo kulesi sikhangisi? (2)
- 1.17 Ngokucabanga kwakho kungani besebenzise umuntu wesifazane kuphela kulesi sikhangisi? Chaza ngamaphuzu AMABILI. (2)
- [12]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## I SIQEPHU B: UKUFINGQA

### LIMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esixoxa ngebhizinisi eliletha inzuzo bese ufingqa isiqephu ngamaphuzu ayi-7.

#### IMYALELO:

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelile. Amagama akho abe phakathi kwangama-50 kuya kwangama-60.
2. Amaphuzu akho awabe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa kumusho ngamunye.
4. Sebenzisa amagama akho emishweni.
5. Ekugcineni kwamaphuzu onke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

## **Baphoxekile ngoDJ besifazane**

**AKUFIKANGA** ngisho noyedwa umdidiyeli womculo noDJ wesifazane kwihlokhono yokuhlunga oDJ abazongenela umncintiswano waku-SABC 1 ebiseBat Centre eThekwini, izolo.

Inhlokhono bekungeyohlelo lwakuSABC 1, i-1s and 2s olushayelwa ngoDJ beMetro FM abazibiza ngeKings of the Weekend, uSpectacula noNaves.

UNaves uthe kuyakhathaza ukungabonakali kwabesifazane abangabadidiyeli futhi abadijeyayo eThekwini.

Kulolu hlelo kufuneka umuntu afike nengoma azenzele yona bese engena egunjini lenhlokhono afike ayixube nenye abekelwe yona. Unemizuzu emithathu ukwenza lokhu.

"Angazi noma abekho yini abesifazane noma bebengazi ngenhlokhono. Kodwa esikuqaphelile kwihlokhono wukuthi baningi abantu abanethalente eThekwini. Ithalente lisekuhlaza okuyinto enhle ngoba kulula ukusebenza ngomuntu onjalo umfundise ukuze abe ngcono. Okusele wukuthi bakwazi ukusebenzisa kahle amathuluzi okudijeya. Akufani naseGoli, ngoba abantu bakhona bayakwazi," kusho

uDJ Naves.

Kule nhlokhono kufike abadidiyeli abalinganiselwa ku-120 kwathathwa abangu-10 asebezodlulela komunye umzuliswano.

Amajaji bekungu Spectacula, Naves noDJ Tira.

“Esilugaphelile wukuthi ukungadlalwa kwe-deep house eThekwini kushiye isikhala entsheni. Izingoma zabaningi bekungesizona ezegqomu njengoba eThekwini kudlalwa lona kodwa bekungeze-deep house. Kusio ukuthi intsha ithanda i-deep house,” kusho uNaves.

Omnye wabadlulele emzuliswaneni olandelayo ngu-DJ King Bayaa wodimo lwengoma ethi Ekat Em Yawa (A Talk with my Ancestors). UBayaa obesuka eMgungundlovu ungenile amajaji angagculiseka ngaye athi akalinde emnyango azombiza uma engekho obahlaba umxhwele. UBuyelile okwesibili afike amdlulisa emzuliswaneni olandelayo.

“Ngijabule kakhulu. Ngicabanga ukuthi umncintiswano walolu hlobo ubalulekile ngoba uzokwenza ukuthi umsebenzi wami waziwe,” kusho uBayaa.

Inhlokhono izodlulela eKapa ngoMeyi 23 naseGoli.

Uhlelo kulindeleke ukuthi luqale ukukhonjiswa ku-SABC 1 ngoJuni 27.

Onqobile uzothola inkontileka yokuqopha i-albhamu njengoDJ Mshega onqobe ngonyaka odlule.

*Icashunwe ephephandabeni Isolezwe 21 April 2015*

**AMAMAKI ESIQEPHU B : 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

#### HHS PEER Tutoring

**Abafundi basizana bodwa ngezifundo zesikole**

Qeda ingcindezi ngaphambi kokuhlwa kukaLwezi

Zitholele izeluleko ezingenza uphase kalula.

Sizazi kahle izinkinga obhekene nazo.

Abafundi abaya ku-Peer tutoring bagila izimanga ezifundweni zabo.

Amakilasi ethu asesize abafundi ababalelwa kumaphesenti angama-75 kanye nalabo asebekhushukelwe amamaki abo.

Sitholakala e-A22 kuya ku-A24 njalo phakathi kwalezi zikhathi 14H45 - 15H30

Naku-Facebook: hhspeertutor

Naku-Twitter: #hhspeertutor

Ukwenza kahle kulele kuwe.

- 3.1 Lesi sikhangiso sibhekise kubantu abanjani? (1)
- 3.2 Abafundi abafunda kusiphi isikole okumele baye kulawa makilasi? (1)
- 3.3 Iyiphi inyanga yonyaka ebizwa ngoLwezi ezinyangeni zonyaka? (1)
- 3.4 Bhala izifundo ezimbili ongathanda ukusizwa kuzo kulawa makilasi. (2)
- 3.5 Obani abafundisa kulezi zifundo ze-Peer Tutoring? Sekela impendulo yakho. (2)
- 3.6 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:  
Amagama athi 'ukugila izimanga ' ngokwesikhangisi achaza:  
A ukwenza imikhuba engathandwa abadala.  
B Ukwenza into kahle nangokudlulele.  
C ukudlala ngesimanga. (1)
- 3.7 Tomula ibizo elisesigabeni 8 bese wakha umusho wakho ongahambisani nesikhangiso. (2)

3.8 Yakha ibizomuntu ngessiqu –fundabese ulisebenzisa emshweni vakho. (2)

3.9 Guqula igama elibhalwe ngokunziwa emshweni olandelayo libe isabizwana soqobo.

**Amantombazane** amaningi ayakuthanda ukufunda. (1)

3.10 Chaza ukuthi isakhi u-kazi sisebenze ukwenzano kulawa magama abhalwe ngokunzima.

**Amadodakazi** amaningi ayakuthanda ukufunda ngoba kuthatha agcina esepethe **izikhundlakazi** emsebenzini (2)

[15]

#### UMBUZO 4

Bukisisa lesi sikhangisi esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela ngenisho EPHELELE.



Iselula yesimanjemanje ehamba phambili ngamanani aphansi.

Iselula ephathwa abantu abahlakaniphile njengawe

- Inomsakazo
- Ithoshi
- Itrecka yamaselula
- Imikenenezo

Noma ubani usengaxhumana

4.1 Luhlobo luni lweselula lolu olukhangiswe lapha? (1)

4.2 Ibiza malini yona le selula? Bhala inombolo ngesiZulu. (1)

4.3 Caphuna umusho onolimi olukhohlisayo kulesi sikhangiso bese uwubhala (2)

4.4 Le selula ifaka ikhadi layiphi inethiwekhi? (1)

4.5 Sathathwa nini isithombe sale selula. Sekela impengulo yakho. (2)

4.6 Qedela lo musho olandelayo ngokufaka izivumelwano ezifanele. Bhala umusho wonke.

Ubaba –**thanda** le selula –**sha** ngoba ukwazi ukulalela umculo –**mnandi**. (3)

[10]

## UMBUZO 5

Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Abafundi abaningi kabasawafezi amaphupho abo okuba yilokhu a babedalelwe kona. Ziningi izingqinamba nezithiyo ezibavimbayo ukuba bafeze amaphupho abo. Kanti konakalephi entsheni yethu? Kubalulekile ukuba umuntu omusha angawasusi amahle akho lapho efisa ukuya khona. Kuyamangaza ukuthi kunabafundi abafunda ezikoleni ezisemazingeni aphezulu kodwa abangazi ukuthi bafuna ukufundela noma bazokwenza muphi umsebenzi uma sebeqede imfundo yabo. Sesikhathele abantu abalokhu bevika ngokuthi izidakamizwa nokukhulelwa yikho okuvimba amaphupho abo. Umbuso yiwo ovimba amaphupho ngoba uzalwa abazali sebekwenzele wonke umsebenzi. Kufanele umuntu azakhele igama lakhe angakhelwa ngabazali bakhe. Bathi into ongayisebenzelanga ivamise ukushabalala njengamanzi emhlanje wedada. Akekho umuntu ongakuphuca imfundo yakho, kodwa umcebo wakho ungashabalala kungabi ndaba zamuntu. Bafundi kasibambisaneni ekwakheni izwe lethu.

5.1 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Igama ukushabalala lisho okulandelayo

A ukuhamba

B ukukhula

C ukuphela

(1)

5.2 Bhala igama elisho okufanayo naleli elibhalwe ngokunzima emshweni ongenzansi.

Ziningi izingqinamba nezithiyo ezivimba abafundi. (1)

5.3 Bhala umusho lapho usebenzise khona ibizo **ints**ha nesabizwana sokukhomba buqamama. (1)

- 5.4 Guqula leligama elibhalwe ngokugqamile likhombe indawo/ isandiso sendawo bese uzakhela ngalo umusho.  
Umbuso yiwo ovimba **amaphupho** (2)
- 5.5 Hlukanisa ibizo ngxube ' **izidakamizwa**' uveze izingcezu ezimbili zenkulumo ezilakhile. (1)
- 5.6 Gwaclisa umusho olandelayo ngezivumelwano zesabizwana sokubala ezifanele.  
Abafundi \_ bili baphumelela kahle kuzo –nke izifundo (2)
- 5.7 Sebenzisa igama elibhalwe ngokunzima emshweni lapho lichza okwehlukile kunalokhu okulo musho.  
Ubaba uthanda **ukuhlansa** izingubo nge-Omo (1)
- 5.8 Guqula lo musho olandelayo ube senkathini eyakudlula ukuvuma:  
Umbuso yiwo ovimba amaphupho. (1)
- 5.9 Gcwalisa lomusho ngezivumelwano nezakhi ezifanele. Bhala umusho wonke.  
Othisha –ningi baya-thanda ukudlala ngekusasa –inu. (3)
- 5.10 Sebenzisa isakhi sokuphika nesiqu sesenzo '**ukwakha**' umusho wokuyala abafundi ngesikhathi. (2)

[15]

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

